Isifundo 5

Masingana 26 – Nhlolanja 1

Izimpawu Eziyisikhombisa



NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Samb. 6:1 – 14, Lev. 26:21 – 26, Hezekeli 4:16, Duter. 32:43, 2 Thes. 1:7 – 10.

Indimana Yekhanda:
"Ufanele Wena ukuyithabatha incwadi nokuvula izimpawu zayo, ngokuba wahlatshwa, wasihlengela uNkulunkulu ngegazi laKho kuyo yonke imindeni, nezilimi, nabantu, nezizwe, wasenza amakhosi nabapristi bakaNkulunkulu wethu; sizobusa emhlabeni" (ISambulo 5:9, 10, NKJV).

Sambulo 6 siqhubeka nalokho obekwenzeka ezahlukweni 4 – 5, ezichaza uKrestu okwathi ngokuthatha incwadi enamathiselwe, wabuyisa lokho okwakulahlekele u Adamu. Manje usekulungele ukuvula izimpawu zencwadi aqhubeke necebo losindiso lize lifezeke. IPentekoste lalisho ukuqala kokusatshalaliswa kwevangeli, okuyinto uKrestu enabisa ngayo umbuso waKhe. Kanjalo-ke, ukuvulwa kwezimpawu kusho ukushunyayelwa kwevangeli, okwaqala ngomhla wePentekoste, nemiphumela yokungalamukeli. Ukuvulwa kophawu lwesikhombisa okungolokugcina, kusiyisa ekuphethweni komlando walomhlaba.

ISambulo 3:21 sisinika isihluthulelo sezimpawu eziyisikhombisa: "Onqobayo ngiyakumnika ukuba ahlale naMi esihlaweni saMi sobukhosi njengoba naMi nganqoba, ngahlala noBaba esihlalweni saKhe sobukhosi" (NKJV). Izahluko 4 no 5 zisitshela ngokunqoba kukaKrestu nokuphakanyiselwa kwaKhe esihlalweni sikaYise sobukhosi, kanti isahluko 7 sikhuluma ngabanqobile bephambi kwesihlalo sobukhosi sikaKrestu. Kanjalo-ke, isahluko 6 simayelana nabantu bakaNkulunkulu emshikashikeni wokunqoba ukuze babe nesabelo esihlalweni sobukhosi sikaJesu.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Nhlolanja 2.*

Ukuvulwa Kophawu Lokuqala

Funda iSambulo 6:1 – 8 kanye noLevitikusi 26:21 – 26 noMathewu 24:1 -14. Qaphela amagama afanayo agqamile kulezindimana. Ufundani ngokushiwo yizimpawu ezine zokuqala uma sibuka lokhu okufanayo?

Izehlakalo zezimpawu eziyisikhombisa kudinga sizibuke ngokuxhumene neziqalekiso zesivumelwano seTestamente eliDala, ezibalulwa njengenkemba, indlala, izifo, nezilwane zasendle (Lev. 26:21 – 26). Kwakuyindlela yokubafaka uswazi uma bengasathembekile esivumelwaneni, uNkulunkulu ayefuna ukuphaphamisa ngayo abantu baKhe, babone isimo sabo sokukholwa. Ngendlela efanayo, abagibeli bamahhashi abane yindlela uNkulunkulu ayisebenzisayo ukugcina abantu baKhe bephapheme njengoba belindele ukubuya kukaJesu.

Kukhona okunye futhi okufanayo phakathi kwezimpawu ezine zokuqala noMathewu 24:4 – 14, lapho uJesu echaza khona okuyokwenzeka emhlabeni. Abagibeli abane yindlela uNkulunkulu agcina ngayo abantu baKhe besendleleni ngokubakhumbuza ukuthi lomhlaba, njengoba unje, awulona ikhaya labo.

Nakuba iSambulo 6:1, 2 siphethe imifuziselo-nje, sikhuluma ngokunqoba naso. Sisicabangisa iSambulo 19:11 – 16 sona esiveza uKrestu egibele ihhashi elimhlophe, ehola amabutho asezulwini ukuya empini yokugcna emlandweni womhlaba. Njengophawu lobumsulwa, umbala omhlophe uvame ukuhlanganiswa noKrestu nabalandeli baKhe. Umgibeli walelohhashi uphethe umnsalo, wanikwa umqhele, okusikhumbuza ngomfanekiso kaNkulunkulu eTestamenteni eliDala ekhwele ihhashi ephethe umnsalo esandleni saKhe ngenkathi enqoba izitha zabantu baKhe (Habakuki 3:8 – 13; iHubo 45:4, 5). Igama lesiGriki elisho umqhele othwelwe umgibeli lithi stephanos, okungumqhele wokunqoba (Samb. 2:10, 3:11). Lomgibeli ungumnqobi ophokophelele phambili ngokunqoba.

Umbono wophawu lokuqala uchaza ukusabalala kwevangeli, okwaqala ngendlela enamandla ngePentekoste, uKrestu aqala ngalo ukwenabisa umbuso waKhe. Kwakusekhona izindawo eziningi ezazisadinga ukuzuzelwa evangelini njengoba kunjalo namanje, nabantu abaningi abasadinga ukuba abalandeli bakaJesu, kuze kube ukunqoba kokugcina kokufika kukaKrestu ngenkazimulo.

Ngokwesiprofetho, isiqephu sophawu lokuqala sihambisana nesigijimi esiya ebandleni lase Efesu; sichaza isikhathi sabaphostoli lapho ivangeli lenaba ngesivinini esikhulu emhlabeni wonke (Kolose 1:23).

Kungani sidinga ukukhumbula njalo ukuthi kuKrestu, singabanqobi, kungakhathalekile ukuthi sinjani isimo sethu?

Uphawu Lwesibili Nolwesithathu

Funda iSamblo 6:3, 4. Ngokuchazwa kwehhashi elibomvu nomgibeli walo, kushiwoni lapha ngokuphathelene nevangeli?

Umbala obomvu umele igazi. Umgibeli uphethe inkemba enkulu futhi uvunyelwe ukuqeda ukuthula emhlabeni, okuyisenzo esihlakulela ukubulalana kwabantu. Uphawu lwesibili luchaza imiphumela yokwenqaba ivangeli. Ngenkathi uKrestu esempini yakwamoya yokushunyayelwa kwevangeli, amabutho obubi amelena nalo kakhulu. Ngokulindelekile, kwalandela ukuhlushwa kwamaKrestu. Umgibeli akuyena obulalayo. Kunalokho, ususa ukuthula emhlabeni, umphumela walokho kube ukuhlushwa kwamakholwa. (Bheka uMath. 10:34.)

Funda iSambulo 6:5, 6 kanye noLevitikusi 26:26, noHezekeli 4:16. Ngokuchazwa kwehhashi elimnyama nomgibeli walo, yikuphi okwenzekayo lapha okuthintene nokushunyayelwa kwevangeli?

Umgibeli wehhashi elimnyama uphethe isikali sokukala ukudla. Kwenziwa isimemezelo esithi: “imbenge kakolweni ngodenariyu” (Samb. 6:6, NKJV). Kulelo lizwe, ukolweni, amafutha, newayini kwakuyizona zidingo-nqangi zansuku zonke zokuphila (Duter. 11:14). Ukudla isinkwa ngokuthi kukalwe ukolweni ngokucophelela, kukhomba isimo sendlala (Lev. 26:26, Hezekeli 4:16). Emihleni kaJohane udenariyu kwakuyimali eholwa ngosuku (Math. 20:2, NKJV). Ngokwejwayelekile, iholo losuku lalingakuthengela konke okudingekayo emndenini ngalolo suku. Kodwa, isimo sendlala sasenza amanani akhuphuke kakhulu. Kulesiqephu sophawu lwesithathu, kwakungathatha umsebenzi wosuku lonke ukuthenga ukudla okwanele umuntu oyedwa kuphela. Ukuze wondle umndeni omncane, iholo losuku lalingathenga izimbenge ezintathu zikabhali, okungukudla okushibhile nokumahhadlahhadla okudliwa abampofu. Isiqephu sophawu lwesithathu siphinde sikhombe eminye imiphumela yokwenqaba ivangeli. Uma ihhashi elimhlophe limele ukushunyayelwa kwevangeli, elimnyama lisho ukungabikho kwevangeli. EBhayibhelini, okusanhlamvana kufanekisa iZwi likaNkulunkulu (Luka 8:11). Ukwenqatshwa kwevangeli kuletha indlala yeZwi likaNkulunkulu efana naleyo eyaprofethwa ngu Amose (Amose 8:11-13).

Uphawu Lwesine

Funda iSambulo 6:7, 8. Sitshengiswani lapha? Lombono ufana kanjani nongaphambi kwawo?

Umbala wehhashi ophawini lwesine uchazwa ngegama lesiGriki elithi chloros, umbala ompunga njengomlotha wesidumbu esonakele. Igama lomgibeli uKufa; kanti uhamba noHayidese, indawo yabafileyo. Laba bobabili bavunyelwe ukuba babhubhise abantu ngenkemba, indlala, ukufa, nangezilwane zasendle enxenyeni yesine yomhlaba. Uphawu lwesine luletha izifo nokufa. Indlela okuchazwe ngayo kwasobala isitshela iqiniso lokuthi indlala yeZwi likaNkulunkulu ebangelwa ukwenqaba ivangeli, noma kanjani iholela ekufeni kwasemoyeni. Izindaba ezimnandi ukuthi amandla oKufa noHayidese mancane kakhulu; banikwe amandla kuphela enxenyeni yesine yomhlaba. UJesu usiqinisekisa ngokuthi unezihluthulelo zeHayidese nezoKufa (Bheka iSamb. 1:18, NKJV)

Phinda ubukeze izigijimi eziya emabandleni ase Efesu, ePergamu, naseThiyathira kuSambulo 2. Qhathanisa isimo kulawo mabandla nokwenzeka ekuvulweni kwezimpawu ezine zokuqala. Yikuphi okufanayo okuqaphelayo phakathi kwazo?

Okwenzeka ngezimpawu eziyisikhombisa kutshengisa ikusasa lebandla. Njengoba kwakunjalo ngamabandla ayisikhombisa, izimpawu zihambisana nezikhathi ezehlukene zomlando wobuKrestu. Ngesikhathi sabaphostoli ivangeli lahamba ngesivinini esikhulu emhlabeni wonke. Lokho kwalandelwa yisikhathi sokuhlushwa kwebandla embusweni wamaRoma, kusukela ekupheleni komnyaka-khulu wokuqala kuze kube sekuqaleni kowesine njengoba sibona ophawini lwesibili. Uphawu lwesithathu lukhomba isikhathi lapho kwakukhona ukwenzelela ngomnyaka-khulu wesine nowesihlanu, lapho kwakukhona indlala yeBhayibheli, eyaholela "eminyakeni yobumnyama." Uphawu lwesine luchaza kahle ukufa kwasemphefumulweni okwakukhona ngeminyaka yobumnyama.

ISambulo 6:6 sithi "amafutha newayini" ngeke koniwe yisiqalekiso sendlala yophawu lwesithathu. Amafutha awumfuziselo kaMoya oNgcwele, kanti iwayini, usindiso kuJesu Krestu. Lokhu kusitshelani ngeqiniso lokuthi nasezikhathini lapho iZwi likaNkulunkulu liyindlala, uMoya oNgcwele usasebenza, nokuthi usindiso basengaluthola bonke abafuna iqiniso?

Ukuvulwa Kophawu Lwesihlanu

Funda iSambulo 6:9, 10. Kwenzekani lapha?

Izwi elithi umphefumulo eBhayibhelini lisho umuntu ngokuphelela kwakhe (Gen. 2:7). Ukufa kwabantu bakaNkulunkulu abathembekile nakade beshushiswa kufanekiswa lapha njengegazi lomhlatshelo elalithululelwa e-altare lethempeli lasemhlabeni (Eks. 29:12, Lev. 4:7). Abantu bakaNkulunkulu babephathwe ngendlela engenabulungiswa baze babulawa ngenxa yokwethembeka kwabo evangelini. Bakhala kuNkulunkulu, bemcela ukuba angenelele aveze ubumsulwa babo. Lezindimana zikhuluma ngokungabi khona kobulungiswa emhlabeni; azikhulumi ngesimo sabafileyo.

Funda iSambulo 6:11 kanye noDuteronomi 32:43 neHubo 79:10. Lasabela kanjani izulu emikhulekweni yamafelankolo kaNkulunkulu?

Amafelankolo anikwa izingubo ezimhlophe, ezimele ukulunga kukaKrestu, okusho ubumsulwa bawo—isipho saKhe kulabo abamukela umusa waKhe (Samb. 3:5, 19:8). Base betshelwa ukuthi kuzodingeka baphumule isikhashana kuze kupheleliswe abazalwane babo abazodlula ekuhluphekeni okufanayo. Kubalulekile ukuphawula ukuthi iSambulo 6:11 eBhayibhelini lesiGriki alikhulumi ngesibalo (nelesiZulu ngokunjalo). ISambulo asikhulumi ngesibalo sabangcwele abafela inkolo yabo okudingeka sigcwaliseke ngaphambi kokufika kukaKrestu, kodwa kukhulunywa ngokuphelela kwezimilo. Abantu bakaNkulunkulu bapheleliswa yingubo yokulunga kukaKrestu, hhayi okwabo (Samb. 7:9, 10). Amafelankolo ngeke avuswe abizwe ngabamsulwa kuze kubuye uKrestu nokuqala kweminyaka eyinkulungwane (Samb. 20:4). Nakuba okwenzeka ngesikhathi sophawu lwesihlanu kuphathelene nesikhathi seminyaka okuthiwa yi-Middle Ages, lapho izigidi zabulawela ukwethembeka kwazo, kwenza sicabange futhi ngokwenzeka kubantu bakaNkulunkulu abahlukumezwayo kuwo wonke umlando, kusukela ku Abela (Gen. 4:10) kuze kube yisikhathi lapho uNkulunkulu eyophindisela ngaso "igazi lezinceku zaKhe" (Samb. 19:2, NKJV).

"Kuyoze kube nini, Nkulunkulu?" lesi bekulokhu kuyisikhalo sabantu bakaNkulunkulu abahlushwayo kuwo wonke umlando. Ubani ongakaze abhekane nokungabikho kobulungiswa kulomhlaba? Uthola kuphi ukududuzeka ngokuvulwa kophawu lwesihlanu, sewazi ukuthi ngelinye ilanga ubulungiswa buyokwenzeka?

Ukuvulwa Kophawu Lwesithupha

Ophawini lwesihlanu, sibona abantu bakaNkulunkulu bengabutholi ubulungiswa emhlabeni ongenalo uthando, bekhala kuNkulunkulu ukuthi abalamulele. Sesifikile isikhathi sokuba uNkulunkulu angenelele, ephendula imithandazo yabantu baKhe.

Funda iSambulo 6:12 – 14 kanye noMathewu 24:29, 30 no 2 Thesalonika 1:7 – 10. Kwembulwani lapha?

Izibonakaliso zasemkhathini zophawu lwesithupha yilezo ezashiwo ngaphambili uJesu kuMathewu 24:29, 30 ezazizokwenzeka ekupheleni "kokuhlupheka okukhulu" (Samb. 7:14) kwe Middle Ages zandulela ukubuya kukaKrestu. Ilanga, inyanga, izinkanyezi, nesibhakabhaka yizinto ezikhona ngempela. Ukusetshenziswa kwegama elithi 'njenge…' kukhomba isifanekiso ngento noma isehlakalo sangempela—ilanga labamnyama njenge ndwangu, inyanga yaba njengegazi, izinkanyezi zawela emhlabeni njengesihlahla somkhiwane sivuthulula amakhiwane asedlulelwe yisikhathi, nesibhakabhaka sagoqwa njengencwadi. AmaKrestu emazweni aseNtshonalanga abona ukugcwaliseka kwesiprofetho sokubuya kukaKrestu mhla kuzamazama umhlaba eLisbon ngo 1755, usuku olumnyama ngo May 19, 1780, olwenzeka empumalanga yeNew York naseningizimu yeNew England, kanye nokutshuza kwezinkanyezi phezu kolwandle i- Atlantic ngo November 13, 1833. Lokhu kwabangela uchungechunge lwezimvuselelo ezabizwa ngokuthi yi-Second Great Awakening.

Funda iSambulo 6:15 – 17 kanye no 19:11 – 21. Ufunde futhi no Isaya 2:19, Hoseya 10:8, noLuka 23:30. Lapha sibona abantu abanhlobonhlobo betatazela, bezama ukucasha ngokwesaba isiphithiphithi sokuza kukaKrestu. Bakhala emadwaleni ukuba awele phezu kwabo ukuze abafihle "ebusweni balowo ohlezi esihlalweni sobukhosi nakulo ulaka lweWundlu" (Samb. 6:16, NKJV). Sesifikile isikhathi sobulungiswa lapho uKrestu efika "ukuzokhazimuliswa kubo abangcwele baKhe" (2 Thesa. 1:10, NKJV). Isiphelo sabo sichazwe kuSambulo 19:17 – 21. Konke lokhu kugcina ngombuzo ongadingi mpendulo ovela kwababi abafile uvalo bethi: "Usuku olukhulu lolaka lwaKhe selufikile, pho ubani onamandla okuma na?" (Samb. 6:17, NKJV; bheka no Nahume 1:6, Malaki 3:2). Impendulo yalowo mbuzo itholakala kuSambulo 7:4—labo abayokwazi ukuma ngalolo suku abantwana bakaNkulunkulu ababekwe uphawu.

"Ubani ongamelana nosuku lokufika kwaKhe?" (Mal. 3:2, NKJV). Ungawuphendula uthini lowo mbuzo, futhi ngaziphi izizathu eziseBhayibhelini? Wozani nezimpendulo zenu eklasini ngeSabatha.

Ukujula Nomcabango:

Funda encwadini ka Ellen G. White ethi *Testimonies to Ministers and Gospel Workers*, isihloko "The World's Need," pp. 457 – 460. Umbono wokuvulwa kwezimpawu eziyisikhombisa ufuzisela ukunaka kukaNkulunkulu abantu baKhe emhlabeni. Ngokusho kukaKenneth A. Strand: "EmiBhalweni kunesiqiniseko sokuthi uNkulunkulu wayevele ebanakekela abantu baKhe: uhlale ekhona emlandweni ukubaqinisa, nokuthi ezinsukwini zokugcina uyoveza ubumsulwa babo ngokuphelele, abanike umvuzo omkhulu ngendlela esingakwazi nokuyicabanga, okungukuphila okuphakade. Incwadi yeSambulo iwuchaza kamnandi lomqondo, kanjalo-ke iSambulo akusona-nje esinye isiprofetho esiphambene nemfundiso yeBhayibheli; siqukethe wona impela umongo nengqikithi yesigijimi seBhayibheli. Yebo, njengoba iSambulo sisho ngokusobala, 'Lowo ophilayo—Yena owanqoba ukufa nengcwaba (1:18)—ngeke abashiye abalandeli baKhe abathembekile ngisho noma befela inkolo yabo bayanqoba (12:11), belindelwe 'umqhele wokuphila' (bheka iSamb. 2:10; 21:1- 4; no 22:4)."—Kenneth A. Strand, "The Seven Heads: Do They Represent Roman Emperors?" in *Symposium on Revelation*—Book 2, Daniel and Revelation Committee Series (Silver Spring, Md.: Biblical Research Institute, 1992, vol. 7, p. 206.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Ufunde ziphi izifundo ezilusizo ekuvulweni kwezimpawu eziyisikhobisa? Kungani, uma kungekho okunye, kufanele ubone ukuthi noma ngabe izinto zizimbi kanjani emhlabeni, uNkulunkulu usabusa, futhi ekugcineni zonke izithembiso esinazo kuKrestu ziyogcwaliseka?

2. Zindla ngalamazwi: "Ibandla yisona sizinda esikhethekile sikaNkulunkulu sokusindiswa kwabantu. Lahlelelwa ukusebenza, kanti umsebenzi walo ukuhambisa ivangeli emhlabeni."—Ellen G. White, The Acts of the Apostles, p. 9. Cabanga ngebandla lakho. Lingenza kanjani ukuze lethembeke kakhudlwana ukuze lifinyelele ebantwini nesigijimi sevangeli na?

3. Eklasini, wozani nezimpendulo zenu embuzweni wokugcina wangolwesiHlanu. Ubani ongamelana nosuku lokuza kwaKhe, futhi yini engabenza bakwazi ukumelana nalo? Xoxani ngokuthi isho ukuthini impendulo yenu maqondana nendlela esimelwe ukuphila ngayo namhlanje ukuze silulungele usuku lokubuya kwaKhe.